AMahubo 23:1-6 . . . . . . . . USimakade Ungumelusi Wami
AMahubo 27:1-14 . . . . . USimakade Ungukukhanya Kwami
. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . Nensindiso Yami
AMahubo 46:1-11 . . . . . . . . . . INkosi Yethu Iyinqaba
AMahubo 51:1-12 . . . . Umkhuleko Wokuvuma Iziphambeko
. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . Nokucela Ukuthethelelwa
AMahubo 91:1-4 . . . . . . . . . . USimakade Ungumlondolozi
AMahubo 103:1-5 . . . . . . . Ihubo Lokubonga USimakade
. . . . . . . . . . . . . . . . . . Ngemisebenzi Yakhe Yomusa
AMahubo 121:1-8 . . . . Ukwethemba Usizo LukaNkulunkulu
AMahubo 125:1-2 . . . . USimakade Uzungeze Abantu Bakhe
AMahubo 130:1-8 . . . . . . . Umkhuleko Wokuthethelelwa
. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . Nokukhululwa
AMahubo 139:7-12 . . . . . . . USimakade Uyakwazi Konke,
. . . . . . . . . . . . . . . . . . . Ukhona Ezindaweni Zonke
IZaga 3:5-6 . . . . . . . . . . . . Ukumethemba USimakade
U-Izaya 26:3-4 . . . . Isihlabelelo Sokwethembela KuSimakade
U-Izaya 40:1-8,28-31 . . Abantu BakaNkulunkulu Bayaduduzwa
U-Izaya 43:1-3a . . . . . . . . . . Ukuhlengwa Kuka-Israyeli
U-Izaya 55:6-9 . . . . . . . . Isimemo Somusa KaSimakade
NgokukaMathewu 5:3-10 . . . . . Intshumayelo Yasentabeni
NgokukaMathewu 6:25-34 . . Ukungakhathazeki Ngengomuso
NgokukaMathewu 7:7-8 . . . . . . . . . Ukucela, Ukufuna,
. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . Nokungqongqoza
NgokukaMathewu 8:5-8,13 . Ukuphulukiswa Kwenceku Yenduna
NgokukaMathewu 10:29-31 . . . . Lowo Okufanele Simesabe
NgokukaMathewu 11:28-30 . . . . UJesu Uyamdumisa UYise,
. . . . . . . . . . . . . . Emema Abahluphekileyo Beze Kuye
NgokukaMathewu 15:30-31 . . . . . UJesu Uphulukisa Iziguli
NgokukaMathewu 16:24-26 . . UJesu Ukhuluma Ngokuhlupheka
. . . . . . . . . . . . . . . . . . Kwakhe Nokwabamlandelayo
NgokukaMakhu 4:37-39. . . . . UJesu Uthulisa Isivunguvungu
NgokukaLuka 4:18-22 . . . . . . . . UJesu Ufundisa EGalile
NgokukaLuka 15:3-7 . . . . Umfanekiso Ngemvu Elahlekileyo
NgokukaLuka 17:12-19 . . . . Ukuphulukiswa Kwabanochoko
. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . Abalishumi
NgokukaLuka 18:15-17 . . . . . . UJesu Ubusisa Abantwana

NgokukaJohane 3:16-17 . . . UJesu Ukhuluma NoNikhodimu
NgokukaJohane 4:13-14 . . . . . . . . UJesu Nowesifazane
. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . WaseSamariya
NgokukaJohane 10:11-16. . . . . UJesu UnguMelusi Omuhle
NgokukaJohane 14:1-7 . . . . . UJesu Uyindlela Eya KuBaba
NgokukaJohane 15:12-17. . . . . . . Umyalo Wokuthandana
NgokukaJohane 17:3 . . . . . . . . . . . Umkhuleko KaJesu
KwabaseRoma 5:1-5 . . . . . . . . . . . Izithelo Zokulunga
KwabaseRoma 8:31-39 . . . . Umuntu Unqoba Ngaye UJesu
KwabaseRoma 15:4-6. . . . . . . . . Abanamandla Mabasize
. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . .Ababuthakathaka
1 KwabaseKhorinte 13:1-13. . . . . . Ukudunyiswa Kothando
1 KwabaseKhorinte 15:54-58 . . . . . . .Imizimba Yabavuka
. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . Kwabafileyo
2 KwabaseKhorinte 1:3-5 . . . .UPawula Ubonga UNkulunkulu
2 KwabaseKhorinte 4:16-18. . . Amazwi Evangeli Ayasiqinisa
. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . .Kukho Konke
2 KwabaseKhorinte 12:7-9 . . . . . . . UPawula Wamukela
. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . Izambulo KuJesu
Kwabase-Efesu 3:14-21. . . UPawula Ukhulekela Ibandla Ukuba
. . . . . . . . . . . . .Likhule Ekwazini Uthando LukaNkulunkulu
KwabaseFiliphi 4:4-9 . . . . . Iziluleko Zokuqina Nokuzwana
. . . . . . . . . . . . . . Ekukholweni Nokuthokoza ENkosini
2 KuThimothewu 3:14-17. . . . Ukubambelela Esifundisweni
. . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . . Esilungileyo
KumaHebheru 13:20-21 . . . . . . Umkhuleko Wokuvalelisa
1 KaPhethro 1:23-25 . . . .UPhethro Ukhuthaza Abakholwayo
. . . . . . . . . . . . . . . .Ukuba Bahambe Ngobungcwele
1 KaJohane 4:7-12 . . . . . . . . . Uthando Luyikho Konke
NgokukaMathewu 6:9-13 . . . . . . . Mayelana Nokukhuleka

## USimakade Ungumelusi Wami

*AMahubo 23:1-6*

USimakade ungumelusi wami, angiyukuswela.
Ungilalisa emadlelweni aluhlaza;
ungiyisa ngasemanzini okuphumula.
Uvuselela umphefumulo wami.
Ungiholela ezindleleni zokulunga,
ngenxa yeGama lakhe.
Ngisho noma ngidabula emfundeni emnyama
okwethunzi lokufa,
angiyukwesaba ngozi,
ngokuba Wena unami,
intonga yakho nondondolo lwakho kuyangiduduza.

Udeka itafula phambi kwami,
kubuka izitha zami.
Ugcoba ikhanda lami ngamafutha;
indebe yami iyachichima.
Impela okuhle nomusa
kuyohlala kungilandela
imihla yonke yokuphila kwami.
Ngiyohlala endlini kaSimakade
kuze kube phakade.

## USimakade Ungukukhanya Kwami Nensindiso Yami

*AMahubo 27:1-14*

USimakade ungukukhanya kwami
nensindiso yami.
Ngubani engingamesaba na?
USimakade uyinqaba
  yokuphila kwami.
Ngubani engingaba
  novalo ngaye na?

Lapho abenzi bokubi
besondela kimi
ukuba bangisoconge,
abamelene nami
  nezitha zami
bayokhubeka,
baqumbeke phansi.
Noma impi ingakanisa
imelane nami,
inhliziyo yami ayiyukwesaba,
ngisho impi ingangivukela,
nokho ngiyoba neqholo.

Kukodwa zwi
engikucela kuSimakade,
yilokhu nje engizimisele
  ukukwenza:
ukuba ngihlale
  endlini kaSimakade
zonke izinsuku
  zokuphila kwami,
ngibuke ubuhle bukaSimakade,
ngizindle ngisendlini yakhe.
Ngokuba uzongifihla
  edokodweni lakhe
ngosuku lwenhlupheko,
angicashise endaweni efihlakele
ethendeni lakhe,
angiphakamisele edwaleni.
Namanje ikhanda lami
lizakuphakama phezu
  kwezitha zami
ezingizungezile.
Ngizonikela ngemihlatshelo,
ngihlokome ngentokozo
ngisethendeni lakhe.
Ngihlabelele, ngidumise
uSimakade ngokhehlegume.

Ngizwe Simakade,
lapho ngikunxusa,
ube nomusa kimi,
ungiphendule.
Inhliziyo yami ithi uthe:

"Funani ubuso bami,"
inhliziyo yami ithi:
"Ubuso bakho, Simakade,
ngiyabufuna."

Ungabufihli ubuso bakho kimi.
Ungayixoshi inceku yakho
  ngentukuthelo;
Wena uwusizo lwami,
uze ungangilahli,
ungangishiyi,
Nkulunkulu wensindiso yami.
Nakuba ubaba nomame
  bengishiyile;
uSimakade uzongemukela.
Simakade, ngifundise
  indlela yakho,
ungihole endleleni ehlelembekile
ngenxa yezitha zami.
Uze unganginikeli
kokufiswa yizitha zami ngami,
ngokuba ofakazi bamanga
bangivukele,
babhodla umlilo.
Ngiyethemba ukuthi
ngizobubona
ubuhle bukaSimakade,
ezweni labaphilayo!
Lindela uSimakade,
uqine,
inhliziyo yakho ime isibindi.
Yebo, lindela uSimakade.

# INkosi Yethu Iyinqaba

*AMahubo 46:1-11*

UNkulunkulu uyisiphephelo sethu namandla ethu,
ufunyaniswa elusizo impela ekuhluphekeni.
Ngakho-ke angiyukwesaba nakuba umhlaba uguquka,
nezintaba zidilikela ekujuleni kolwandle,
nakuba amanzi alo ehlokoma, ekhephuzela,
nezintaba zizamazama ngokudlanga kwalo. *Sela*

Ukhona umfula omanzi awo athokozisa
umuzi kaNkulunkulu,
indlu engcwele yoPhezukonke.
UNkulunkulu uphakathi kwawo, awuyukuzanyazanyiswa,
uNkulunkulu uyakuwusiza ngovivi lokusa.
Izizwe ziyaxokozela, imibuso iyazamazama;
uphumisela izwi lakhe, umhlaba uncibilike.
USimakade Wamabandla unathi,
uNkulunkulu kaJakobe uyinqaba yethu. *Sela*

Wozani, nibone imisebenzi kaSimakade,
incithakalo ayehlisele emhlabeni.
Uqeda izimpi kuze kube
semikhawulweni yomhlaba,
wephula umnsalo,
anqume umkhonto,
izinqola zempi azishise ngomlilo.
Thulani, niqonde
ukuthi Mina ngiinguNkulunkulu,
ngiyakuphakama kwabezizwe,
ngiphakame emhlabeni.
USimakade Wamabandla unathi,
uNkulunkulu kaJakobe
uyinqaba yethu. *Sela*

# Umkhuleko Wokuvuma Iziphambeko Nokucela Ukuthethelelwa

*AMahubo 51:1-12*

Ngihawukele, Nkulunkulu,
ngokomusa wakho,
wesule iziphambeko zami
ngokobubele bakho obukhulu.
Ngigezisise ebubini bami,
ungihlanze esonweni sami.

Ngiyazazi iziphambeko zami,
isono sami siphambi kwami njalo.
Ngonile kuwe, kuwe wedwa,
ngenza okubi emehlweni akho.
Wena ulungile nxa wehlulela,
futhi kucacile ukwehlulela kwakho.
Impela ngazalelwa ebubini,
umame wangikhulelwa esonweni.
Wena uthanda iqiniso ngaphakathi enhliziyweni,
uyongifundisa ukuhlakanipha ekujuleni kwenhliziyo.

Ngihlanze ngehisophi, ngihlambuluke,
ngigeze, ngibe mhlophe kuneqhwa.
Ngizwise intokozo nenjabulo,
ukuze ethabe amathambo owachobozileyo.
Fihla ubuso bakho ezonweni zami,
uzesule zonke iziphambeko zami.

Nkulunkulu, dala kimi inhliziyo ehlanzekileyo,
uvuse umoya oqinileyo phakathi kwami.
Ungangilahli ebusweni bakho,
ungangemuki uMoya wakho oyiNgcwele.
Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yakho,
ungiphase ngomoya ovumayo.

## USimakade Ungumlondolozi

*AMahubo 91:1-4*

Lowo ohlala emphemeni woPhezukonke
akhosele emthunzini kaSomandla,
uyothi kuSimakade:

"Uyisiphephelo sami nenqaba yami,
unguNkulunkulu wami engethembele kuye."

Ngokuba nguYena oyokuhlenga ogibeni
lomcuphi nasobhubhaneni,
uyokusibekela ngezimpaphe zakhe,
uphephele phansi kwamaphiko akhe,
ukwethembeka kwakhe kuyisihlangu nogange.

## Ihubo Lokubonga USimakade Ngemisebenzi Yakhe Yomusa

*AMahubo 103:1-5*

Mbonge uSimakade, mphefumulo wami,
konke okungaphakathi kimi
makulibonge igama lakhe elingcwele.
Mbonge uSimakade, mphefumulo wami,
ungaze wakhohlwa yimisebenzi yakhe yonke yomusa,
Yena oththelela zonke izono zakho,
owelapha zonke izifo zakho,
okhulula ukuphila kwakho ekubhujisweni,
okuqhelisa ngomusa nangobubele,
osuthisa ukulangazelela kwakho ngokuhle,
ubusha bakho bubuyiswe njengokhozi.

## Ukwethemba Usizo LukaNkulunkulu

*AMahubo 121:1-8*

Ngiphakamisela amehlo ami ezintabeni,
usizo lwami luyakuvelaphi na?
Usizo lwami luvela kuSimakade,
owenzile izulu nomhlaba.

Akayukuluvumela unyawo lwakho lushibilike;
okulondayo akozeli.
Impela olonda u-Israyeli akozeli,
futhi akalali.

USimakade ungumvikeli wakho,
uSimakade ungumthunzi wakho
ngasesandleni sakho sokunene.
Ilanga aliyukukushaya emini,
nenyanga ebusuku.

USimakade uzokuvikela kukho konke okubi,
awugcine umphefumulo wakho.
USimakade uyolondoloza ukuphuma kwakho
nokungena kwakho,
kusukela manje kuze kube phakade.

## USimakade Uzungeze Abantu Bakhe

*AMahubo 125:1-2*

Abamethembayo uSimakade bafana nentaba iZiyoni
engenakunyakaziswa, kepha emi phakade.
Njengalokhu izintaba zizungeze iJerusalema,
noSimakade ubazungeze kanjalo abantu bakhe
kusukela manje
kuze kube phakade.

## Umkhuleko Wokuthethelelwa Nokukhululwa

*AMahubo 130:1-8*

Ngikhala kuwe Simakade ngiphansi otweni.
Nkosi, yizwa izwi lami;
izindlebe zakho mazilalele izwi
  lokunxusa kwami.

Uma Wena Simakade ungaqaphela iziphambeko,
Nkosi, ngubani ongema na?
Kepha ukuthethelela kukuwe, ukuze wesatshwe.

Ngizolindela uSimakade,
umphefumulo wami uzolinda,
ngiyalethemba izwi lakhe.
Umphefumulo wami ulindela iNkosi
kunabalindi abalindela ukusa.

U-Israyeli makethembe uSimakade,
ngokuba umusa ukuSimakade,
nokukhulula konke kukuye.
Uyomhlenga u-Israyeli
kuzona zonke iziphambeko zakhe.

## USimakade Uyakwazi Konke, Ukhona Ezindaweni Zonke

*AMahubo 139:7-12*

Ngiyakuya kuphi,
ngisuke eMoyeni wakho na?
Ngiyakubalekelaphi,
ngisuke phambi kwakho na?
Uma ngikhuphukela ezulwini,
Wena ulapho;

uma ngendlala icansi lami
  endaweni yabafileyo,
nangu Wena.
Uma ngithatha amaphiko okusa,
ngiye ngihlale emikhawulweni yolwandle,
nalapho isandla sakho siyakungihola,
esokunene sakho singibambe.

Uma bengithi:

"Ubumnyama mabungehlele,
ukukhanya kube ngubusuku kimi,"
ubumnyama bebungayukuba ngubumnyama kuwe,
ngokuba ubusuku bebuyakukhanya njengemini,
ubumnyama bufane nokukhanya.

## Ukumethemba USimakade

*IZaga 3:5-6*

Thembela kuSimakade
ngayo yonke inhliziyo yakho,
unganciki kokwakho ukuqonda.
Mazise Yena ezindleleni zakho zonke,
uyakuqondisa imikhondo yakho.

## Isihlabelelo Sokwethembela KuSimakade

*U-Izaya 26:3-4*

Inhliziyo eqinileyo uyayilinda ngokuthula okupheleleyo,
ngokuba yethemba kuwe.
Thembani kuSimakade kuze kube phakade,
ngokuba unguSimakade,
yebo, uSimakade uyidwala elingunaphakade.

# Abantu BakaNkulunkulu Bayaduduzwa

*U-Izaya 40:1-8,28-31*

Duduzani, nibaduduze abantu bami,
kusho uNkulunkulu wenu.
Liqungeni isibindi iJerusalema,
nimemezele kulo
ukuthi ukulwa kwalo sekuphelile,
nobubi balo buhlanguliwe,
ngokuba lamukele kuSimakade
  isijeziso ngokuphindiwe
ngenxa yazo zonke izono zalo.
Izwi liyamemeza, lithi:

"Lungisani indlela kaSimakade ehlane,
nihlelembe umgwaqo
kaNkulunkulu wethu ongcwele.
Zonke izigodi ziyophakanyiswa,
zonke izintaba namagquma kuyokwehliswa;
amagebhugebhu ayakuhlelenjwa,
nemigoxigoxi iyakuba yithafa.
Inkazimulo kaSimakade iyobonakaliswa,
bonke abantu bayakuyibona kanyekanye
ngokuba umlomo kaSimakade ukhulumile."
Izwi lithi:

"Memeza!"

Ngathi:

"Ngiyakumemeza ngithini na?"

Bonke abantu bangutshani,
nabo bonke ubuhle babo
bunjengembali yasendle.
Utshani buyabuna,

imbali iyavuthuluka,
ngokuba uMoya kaSimakade uyakuphephetha.
Impela abantu bangutshani.
Utshani buyabuna,
imbali ivuthuluke,
kodwa izwi likaNkulunkulu wethu
limi kuze kube phakade.

Awuzange wazi yini?
Awuzwanga yini na?
USimakade unguNkulunkulu ongunaphakade,
uMdali wemikhawulo yomhlaba,
akapheli amandla, akakhathali;
nokuqonda kwakhe akunakuphenywa.
Nguye opha oyethileyo amandla,
andise izikhwepha kongenamandla.
Izinsizwa ziyaphela amandla, zikhathale,
nabasha bawa nokuwa,
kepha abamethembayo uSimakade
bayakuthola amandla amasha,
bayakukhuphuka ngamaphiko njengezinkozi,
bagijime bengakhathali,
bahambe bengapheli amandla.

## Ukuhlengwa Kuka-Israyeli

*U-Izaya 43:1-3a*

Manje usho kanje uSimakade
owakudala wena Jakobe,
nowakubumba wena Israyeli, uthi:

"Ungesabi ngokuba ngikuhlengile,
ngikubize ngegama lakho;
ungowami.
Uma udabula emanzini,
Mina ngiyokuba nawe,
nemifula ayiyukukukhukhula;

nalapho udabula emlilweni,
awuyukusha;
ilangabi aliyukukushisa.
Ngokuba Mina nginguSimakade
uNkulunkulu wakho."

## Isimemo Somusa KaSimakade

*U-Izaya 55:6-9*

Mfuneni uSimakade esenokutholwa,
nimbize eseseduze.
Omubi makayishiye indlela yakhe,
nomuntu owenza ibe mibi imicabango yakhe,
abuyele kuSimakade,
uyokuba nomusa kuye,
abuyele kuNkulunkulu wethu,
ngokuba uyophiwa intethelelo enkulu.

"Ngokuba imicabango yami
ayisiyo imicabango yenu,
nezindlela zenu
azisizo izindlela zami," kusho uSimakade.

"Njengalokhu amazulu ephakeme kunomhlaba,
kanjalo izindlela zami ziphakeme kunezindlela zenu,
nemicabango yami
kunemicabango yenu."

## Intshumayelo Yasentabeni

*NgokukaMathewu 5:3-10*

"Babusisiwe abampofu emoyeni,
ngokuba umbuso wezulu ungowabo.
Babusisiwe abakhalayo,
ngokuba bayakududuzwa.
Babusisiwe abamnene,
ngokuba bayakudla ifa lomhlaba.

Babusisiwe abalambele, bomele ukulunga,
ngokuba bayakusuthiswa.
Babusisiwe abanesihawu,
ngokuba bayakuhawukelwa.
Babusisiwe abanenhliziyo ehlanzekileyo,
ngokuba bayakumbona uNkulunkulu.
Babusisiwe abalamulayo,
ngokuba bayakuthiwa ngabantwana bakaNkulunkulu.
Babusisiwe abazingelwa ngenxa yokulunga,
ngokuba umbuso wezulu ungowabo."

## Ukungakhathazeki Ngengomuso

*NgokukaMathewu 6:25-34*

"Ngalokho-ke ngithi kini: ningakhathazeki ngokuphila kwenu ukuthi niyakudlani noma niyakuphuzani, nangomzimba wenu ukuthi niyakwembathani. Ukuphila akukukhulu kunokudla, nomzimba kunesembatho na? Bhekani izinyoni zezulu ukuthi azihlwanyeli, azivuni, azibekeleli ezinqolobaneni, nokho uYihlo osezulwini uyazondla. Nina anizidluli yini kakhulu na? Ngubani phakathi kwenu okuthi ngokuzikhathaza kwakhe athasisele umzuzwana ebudeni bempilo yakhe na?

"Kungani nikhathazeka ngokokwembatha na? Qaphelani iminduze yasendle ukuthi imila kanjani; kayikhandleki, kayiphothi, kepha ngithi kini: noSolomoni ebukhazikhazini bakhe bonke wayengembathisile okomunye wayo. Uma uNkulunkulu embathisa kanjalo utshani basendle obukhona namuhla, ngomuso buphonswe eziko, akayukunembathisa yini kakhulu nina eninokukholwa okuncane na? Ngakho-ke ningakhathazeki nithi: 'Siyakudlani?' noma: 'Siyakuphuzani?' noma: 'Siyakwembathani na?' Ngokuba konke lokhu kufunwa ngabezizwe; ingani uYihlo wasezulwini uyazi ukuthi niyakudinga konke lokhu. Kodwa funani kuqala umbuso wakhe nokulunga kwakhe, yikhona konke lokhu kuyakwenezelelwa kinina. Ngakho-ke ningakhathazeki ngengomuso, ngokuba ingomuso liyakukhathalela okwalo. Inkathazo yosuku yanele lona."

## Ukucela, Ukufuna, Nokungqongqoza

*NgokukaMathewu 7:7-8*

"Celani, khona nizakuphiwa; funani, khona nizakufumana; ngqongqothani, khona nizakuvulelwa. Ngokuba yilowo nalowo ocelayo uyamukeliswa, nofunayo uyafumana, nongqongqothayo uzakuvulelwa."

## Ukuphulukiswa Kwenceku Yenduna

*NgokukaMathewu 8:5-8,13*

Kwathi lapho uJesu engena eKhaphernawume, kweza kuye induna yekhulu, yamnxusa, yathi: "Nkosi, umfana wami ulele endlini, ufe uhlangothi; usezinhlungwini ezinzima."

UJesu wayesethi kuyo: "Mina ngizakuza ngimphulukise."

Kepha induna yekhulu yaphendula yathi: "Nkosi, angifanele ukuba ungangena phansi kophahla lwami, kodwa khipha izwi nje, khona umfana wami uyakusinda."

UJesu wayesethi enduneni yekhulu: "Hamba, makwenzeke kuwe njengokukholwa kwakho."

## Lowo Okufanele Simesabe

*NgokukaMathewu 10:29-31*

"Akuthengiswa yini imizwilili emibili ngendibilishi na? Nokho akukho namunye oyakuwela phansi ngaphandle kwemvume kaYihlo. Kepha nani, zibaliwe zonke izinwele zekhanda lenu. Ngakho-ke maningesabi; nina niyayidlula imizwilili eminingi."

## UJesu Uyamdumisa UYise, Emema Abahluphekileyo Beze Kuye

*NgokukaMathewu 11:28-30*

"Zanini kimi, nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, ngizakuniphumuza. Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi, ngokuba ngimnene, ngithobile ngenhliziyo; yikhona

imiphefumulo yenu iyakufumana ukuphumula. Ngokuba ijoka lami alinzima, nomthwalo wami ulula.”

## UJesu Uphulukisa Iziguli

*NgokukaMathewu 15:30-31*

Isixuku esikhulu seza kuye silethe izinyonga, izimpumputhe, izimungulu, izilima, nabanye abaningi. Bababeka ngasezinyaweni zakhe; wabaphulukisa. Isixuku saze samangala sibona izimungulu zikhuluma, abakhubazekile besinda, izinyonga zihamba, nezimpumputhe zibona. Base bemdumisa uNkulunkulu ka-Israyeli.

## UJesu Ukhuluma Ngokuhlupheka Kwakhe Nokwabamlandelayo

*NgokukaMathewu 16:24-26*

UJesu wayesethi kubafundi bakhe: “Uma umuntu ethanda ukuza emuva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe, angilandele. Ngokuba yilowo nalowo othanda ukusindisa ukuphila kwakhe, uyakulahlekelwa yikho; kepha olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami, uyakukufumana. Ngokuba kuyakumsiza ngani umuntu, uma ezuza izwe lonke, kepha alahlekelwe ngukuphila kwakhe na? Yini angayikhipha umuntu, ibe yisihlengo sokuphila kwakhe na?”

## UJesu Uthulisa Isivunguvungu

*NgokukaMakhu 4:37-39*

Kusenjalo kwavuka isivunguvungu esikhulu, amagagasi ayesizamazamisa kakhulu isikebhe futhi sesiqala ukugcwala amanzi. UJesu wayesemuva esikebheni elele esicamelweni, bamvusa, bathi kuye: “Mfundisi, wabhudla ubuthongo, sibhubha na?”

Wayesevuka, wawukhuza umoya, wathi kulo ulwandle: “Thula, uthi du.”

Umoya wawusuthula, kwaba nokuthula okukhulu.

## UJesu Ufundisa EGalile

*NgokukaLuka 4:18-22*

"UMoya weNkosi uphezu kwami,
ngokuba ingigcobile
ukuba ngishumayele ivangeli kwabampofu;
ingithumele ukumemezela ukukhululwa kwabathunjiweyo,
ukuvula amehlo ezimpumputhe,
ukuhlenga abacindezelweyo,
nokumemezela unyaka omuhle weNkosi."

Wawugoqa umqulu, wawunika isikhonzi, wahlala; amehlo wonke ababesesinagogeni amgqolozela. Waqala ukukhuluma kubo, ethi: "Namhlanje ugcwalisekile lo mbhalo njengoba nizwa ngezenu izindlebe."

Bonke bakhuluma kahle ngaye, bemangaliswa ngamazwi omusa aphuma emlonyeni wakhe, bathi: "Kanti lo akasiyo yini indodana kaJosefa na?"

## Umfanekiso Ngemvu Elahlekileyo

*NgokukaLuka 15:3-7*

UJesu wayesebalandisa lo mfanekiso, ethi: "Ngubani kini ongathi enezimvu eziyikhulu, alahlekelwe ngenye yazo, angazishiyi edlelweni ezingama-99, ahambe ayofuna elahlekileyo, aze ayithole na? Kuthi lapho eseyitholile, ayetshathe emahlombe ethokoza. Esefikile ekhaya ameme abangani nomakhelwane, athi kubo: 'Thokozani nami, ngokuba ngiyitholile imvu yami ebilahlekile.' Ngithi kini: kanjalo kuyakuba khona ukuthokoza ezulwini ngesoni sisinye esiphendukayo, kunabalungileyo abangama-99 abangakudingi ukuphenduka."

# Ukuphulukiswa Kwabanochoko Abalishumi

*NgokukaLuka 17:12-19*

Esangena emzaneni othile, wahlangana namadoda alishumi anochoko, ema buqamama, ayesememeza ethi: "Jesu Nkosi, sihawukele!"

Lapho esewabonile, wathi kuwo: "Hambani, niyoziveza kubaphristi."

Kwathi esahamba, ahlanjululwa.

Enye yawo ibona ukuthi iphilisiwe, yabuyela emuva imdumisa uNkulunkulu ngezwi elikhulu. Yakhothama, yathi mbo ngobuso ngasezinyaweni zikaJesu, imbonga; yayingumSamariya.

Kepha uJesu wakhuluma, wathi: "Akuhlanjululwanga yini abalishumi na? Pho baphi abayisishiyagalolunye? Abatholakalanga yini abazobuya bamnike udumo uNkulunkulu, ngaphandle kwalo wabezizwe na?"

UJesu wayesethi kuye: "Sukuma uhambe; ukukholwa kwakho kukusindisile."

# UJesu Ubusisa Abantwana

*NgokukaLuka 18:15-17*

Baletha futhi kuJesu abantwana ukuba abaphathe; kodwa abafundi bekubona lokho, babakhuza. Kepha uJesu wababiza, ethi: "Vumelani abantwana beze kimi, ningabenqabeli, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowabanje. Ngiqinisile ngithi kini: yilowo nalowo ongawemukeli umbuso kaNkulunkulu njengomntwana, kasoze angena kuwo."

## UJesu Ukhuluma NoNikhodimu

*NgokukaJohane 3:16-17*

"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade. Ngokuba uNkulunkulu kayithumelanga iNdodana yakhe ezweni ukuba izokwehlulela izwe, kodwa ukuba izwe lisindiswe ngayo."

## UJesu Nowesifazane WaseSamariya

*NgokukaJohane 4:13-14*

UJesu waphendula, wathi kuye: "Yilowo nalowo ophuza lawa manzi uyakuphinde ome. Kepha lowo oyakuphuza amanzi engiyakumnika wona, akayikoma naphakade. Ngokuba amanzi engiyakumnika wona ayakuba kuye ngumthombo wamanzi aphuphumsayo, kube ngukuphila kwaphakade."

## UJesu UnguMelusi Omuhle

*NgokukaJohane 10:11-16*

"Mina ngingumelusi omuhle. Umelusi omuhle udela ukuphila kwakhe ngenxa yezimvu. Oqashiweyo engesiye umelusi, nezimvu zingesizo ezakhe, uma ebona inkentshane liza, uyazishiya izimvu, athi galo yephuka, bese inkentshane lizibhozomela, lizihlakaze, ngokuba ungoqashiweyo, akanandaba nezimvu.

"Mina ngingumelusi omuhle. Ngiyazazi ezami, nezami ziyangazi, njengalokhu uBaba engazi, nami ngiyamazi uBaba, ngidela ukuphila kwami ngenxa yezimvu. Nginezinye izimvu ezingesizo ezalesi sibaya; nalezo kufanele ngiziqoqe, ziyakulizwa iphimbo lami, bese ziba mhlambi munye nomelusi munye."

## UJesu Uyindlela Eya KuBaba

*NgokukaJohane 14:1-7*

"Inhliziyo yenu mayingakhathazeki. Kholwani nguNkulunkulu, nikholwe nayimi. Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi; ukuba bekungenjalo, bengiyakunitshela ukuthi ngiya ukuyonilungisela indawo. Nakuba ngiya ukunilungisela indawo, ngiyobuye ngize, nginilande ukuze nani nibe lapho ngikhona. Lapho ngiya khona, niyayazi indlela."

UThomase wathi kuye: "Nkosi, asazi lapho uya khona. Pho singayazi kanjani indlela na?"

UJesu wathi: "Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami. Ukuba beningazi Mina, beniyakumazi noBaba; kodwa niyamazi manje, futhi nimbonile."

## Umyalo Wokuthandana

*NgokukaJohane 15:12-17*

"Yilo umyalo wami wokuba nithandane njengalokho nami nginithandile. Akekho onothando olwedlula olokuba umuntu adele ukuphila kwakhe ngenxa yabangani bakhe. Nina ningabangani bami, inqobo nje uma nenza lokhu enginiyala ngakho. Angisasho ukuthi niyizinceku, ngokuba inceku ayikwazi okwenziwa yinkosi yayo, kodwa nginibize ngabangani ngokuba konke engikuzwile kuBaba, nginazisile khona. Aningikhethanga nina, kodwa yiMina enginikhethile, ukuba nihambe, nithele izithelo; nezithelo zenu zihlale, ukuze kuthi noma yini eniyakuyicela kuBaba egameni lami, aninike yona. Nginiyala ngalezo zinto ukuze nithandane."

## Umkhuleko KaJesu

*NgokukaJohane 17:3*

"Ukuphila okuphakade yilokhu ukuba bazi Wena wedwa, Nkulunkulu oqinisileyo, nomthumileyo, uJesu Khristu."

## Izithelo Zokulunga

*KwabaseRoma 5:1-5*

Ngakho-ke lokhu sesilungisisiwe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Khristu, okungaye sinokungena ngokukholwa kulo musa esimi kuwo, sizigabisa ngethemba lenkazimulo kaNkulunkulu. Kepha akusikho lokho kuphela, kodwa siyazigabisa nangezinhlupheko, sazi ukuthi ukuhlupheka kuveza ukubekezela, ukubekezela kuveza ukuqiniseka, ukuqiniseka kuveza ithemba. Ithemba alijabhisi, ngokuba uthando lukaNkulunkulu lutheliwe ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele esimphiweyo.

## Umuntu Unqoba Ngaye UJesu

*KwabaseRoma 8:31-39*

Sesiyakuthini ngalokho na? Uma uNkulunkulu emi ngakithi, ngubani ongamelana nathi na? Yena ongayigodlanga eyakhe iNdodana, kodwa wayinikela ngenxa yethu sonke. Kungaba kanjani pho, ukuba angasiphi konke kanye nayo na? Ngubani oyakumangalela abakhethiweyo bakaNkulunkulu na? UNkulunkulu ungolungisisayo. Kanti ngubani ozakulahla ngecala na? NguKhristu uJesu owafayo, yebo owavuswa kwabafileyo, ongakwesokunene sikaNkulunkulu, nguYena osinxuselayo. Pho ngubani ozakusehlukanisa nothando lukaKhristu na? Ngabe ukuhlupheka noma usizi; ukuhlushwa noma indlala ukuhamba ze noma ingozi, noma yinkemba na? Ngokuba kulotshiwe ukuthi:

> "Ngenxa yakho, sibulawa usuku lonke;
> sifana nezimvu zokuhlatshwa."

Kepha kukho konke lokho, siyanqoba nokunqoba ngowasithandayo. Ngiyakholwa ukuthi nakufa, nakuphila, nazingelosi, nababusi, nakho okukhona, nakho okuzayo, namandla, nakuphakama, nakujula, nanoma yini enye edaliweyo; akuyukuba namandla okusehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKhristu uJesu, iNkosi yethu.

## Abanamandla Mabasize Ababuthakathaka

*KwabaseRoma 15:4-6*

Nakuba yikuphi okwakulotshwe phambilini, kwalotshelwa ukuba kusifundise ukuthi ngokubekezela nangokugqugqugzelwa yimibhalo, sibe nethemba.

Sengathi uNkulunkulu wokubekezela nokugqugqugzeleka anganipha nibe nakuqonda kunye phakathi kwenu maqondana nokukaKhristu uJesu, ukuze nganhliziyonye nangamlomo munye nidumise uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Khristu.

## Ukudunyiswa Kothando

*1 KwabaseKhorinte 13:1-13*

Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezezingelosi, kodwa uma ngingenalo uthando, ngifana nethusi elikhencezayo nensimbi encencethayo. Noma ngingaphrofetha, ngiqonde izimfihlakalo zonke, ngibe nokwazi konke, noma nginganokukholwa konke okungagudluza izintaba, kodwa uma ngingenalo uthando, angiyinto yalutho. Noma nginganikela ngakho konke enginakho, nginikele ngisho nangomzimba wami ukuze ngizigabise, kodwa uma ngingenalo uthando, akungisizi ngalutho.

Uthando luyabekezela, lumnene; uthando alunamhawu, aluzigabisi, aluzikhukhumezi; aluziphathi ngokungafanele, aluzifuneli okwalo, alucunuki, alunagqubu; aluthokozi ngokungalungile, kodwa luthokozela iqiniso; lusibekela zonke izinto, lukholwa yizinto zonke, lubekezelela izinto zonke.

Uthando alusoze lwaphela, nakuba kukhona ukuphrofetha, kodwa kuyakukhawuka. Nakuba kuyizilimi, ziyakunqamuka; nakuba kungulwazi, luyakuphela. Ngokuba sazi ingxenye, siphrofetha ingxenye. Kepha lapho sekufike okupheleleyo, lokho okuyingxenye kuyakuphela. Lapho ngisenguntwana, ngakhulumisa okomntwana, ngacabangisa okomntwana, futhi

ngazindlisa okomntwana. Kepha lapho sengiyindoda, ngakuyeka ukwenza okobuntwana. Ngokuba manje sibona esibukweni kalufifi, kepha lapho sobukana ubuso nobuso, ngokuba manje ngazi ingxenye, kepha lapho ngiyokwaziwa ngokupheleleyo, njengokuba bengaziwa ngokupheleleyo. Manje-ke, kumi lokhu okuthathu: ukukholwa, ithemba, nothando, kodwa okukhulu kulokhu wuthando.

## Imizimba Yabavuka Kwabafileyo

*1 KwabaseKhorinte 15:54-58*

Kepha lapho okubolayo sekwembethe ukungaboli, nokufayo sekwembethe ukungafi, kuzakugcwaliseka izwi elilotshiweyo, elithi:

"Ukufa kugingiwe kwaba ngukunqoba."

"Kufa, kuphi ukunqoba kwakho na?
Kufa, luphi udosi lwakho na?"

Udosi lokufa yisono; amandla esono ngumthetho. Kepha makabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Khristu. Ngakho-ke bazalwane bami abathandekayo, yibani ngabagxilileyo, abangaxegiyo, abavame njalo emsebenzini weNkosi, nazi ukuthi ukusebenza kwenu akusilo ize eNkosini.

## UPawula Ubonga UNkulunkulu

*2 KwabaseKhorinte 1:3-5*

Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Khristu, uYise wobubele bonke, uNkulunkulu wenduduzo yonke, osiduduzayo osizini lwethu lonke, ukuze nathi sibe namandla okududuza abasosizini, noma ngabe lunjani, ngenduduzo esiduduzwe ngayo nathi nguNkulunkulu. Njengokuba izinhlupheko zikaKhristu ziziningi kithi, kanjalo nokududuzeka kwethu kuyaphuphuma ngoKhristu.

## Amazwi Evangeli Ayasiqinisa Kukho Konke

*2 KwabaseKhorinte 4:16-18*

Ngakho asidangali, nakuba umuntu wethu wangaphandle ebhubha, nokho owangaphakathi wenziwa musha imihla ngemihla. Ngokuba usizi lwethu oluncane lwesikhashana lusilungisela inkazimulo enkulu yaphakade, engenakulinganiswa. Thina asibheki okubonwayo, kodwa okungabonwayo; ngokuba okubonwayo kungokwesikhashana, kepha okungabonwa kungokwaphakade.

## UPawula Wamukela Izambulo KuJesu

*2 KwabaseKhorinte 12:7-9*

Ikakhulu uma umuntu ezwa ngemibono yami exakileyo. Ngakho-ke ukuze ngingaziphakamisi kakhulu, nganikwa iva emzimbeni, ukuba ingelosi kaSathane ingimukule, funa ngiziphakamise kakhulu. Mayelana nalokhu, ngayinxusa iNkosi, amahlandla amathathu, ukuba ilisuse kimi. Kodwa yathi kimi: "Umusa wami ukwanele, ngokuba amandla ami ayapheleliswa ebuthakathakeni."

## UPawula Ukhulekela Ibandla Ukuba Likhule Ekwazini Uthando LukaNkulunkulu

*Kwabase-Efesu 3:14-21*

Ngenxa yalokho, ngiguqa ngamadolo kuYise eyethiwe ngaye imindeni yonke ezulwini nasemhlabeni, ukuba ngokwengcebo yenkazimulo yakhe aninike ukuba niqiniswe emandleni kumuntu wangaphakathi ngoMoya wakhe. UKhristu ahlale ezinhliziyweni zenu ngokukholwa, ukuze nigxile, nisekelwe othandweni, nibe namandla okuqonda kanye nabangcwele bonke okungububanzi, ubude, ukuphakama, nokujula

kothando lwakhe, nilwazi uthando lukaKhristu olwedlula ukuqonda konke, ukuze niphheleliswe ngokuphelela konke kukaNkulunkulu.

KuYena onamandla okwenza okukhulu kakhulu kunakho konke esikucelayo nesikuqondayo ngokwamandla asebenza kithi, makube kuye udumo ebandleni nakuKhristu uJesu ezizukulwaneni zonke, phakade naphakade. Amen.

## Iziluleko Zokuqina Nokuzwana Ekukholweni Nokuthokoza ENkosini

*KwabaseFiliphi 4:4-9*

Thokozani eNkosini njalonjalo; ngiyaphinda ngithi: thokozani! Ukubekezela kwenu akwaziwe ngabantu bonke; iNkosi iseduze. Ningakhathazeki ngalutho, kodwa kukho konke izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngomkhuleko, ngokunxusa nangokubonga. Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke kuyakuzilondoloza izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKhristu uJesu.

Elokugcina, bazalwane, konke okuyiqiniso, konke okuhloniphekayo, konke okulungileyo, konke okumhlophe, konke okuthandekayo, konke okutusekayo, uma kukhona okuhle, noma okubongekayo, zindlani ngakho. Enakufunda, nakwemukela, nakuzwa, nakubona kimi, kwenzeni konke lokho; uNkulunkulu wokuthula uyakuba nani.

## Ukubambelela Esifundisweni Esilungileyo

*2 KuThimothewu 3:14-17*

Kodwa wena bambelela kulokho okufundile nowakukholwa, wazi ukuthi ukufunde kobani, nokuthi kwasebuntwaneni wayazi imibhalo engcwele, enamandla okuhlakaniphisa, kube yinsindiso ngokukholwa kuKhristu uJesu. Yonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu, ilungele ukufundisa, ukusola, ukuqondisa, nokuyala ekulungeni, ukuze umuntu kaNkulunkulu aphelele, ahlonyiselwe yonke imisebenzi emihle.

## Umkhuleko Wokuvalelisa

*KumaHebheru 13:20-21*

Kepha uNkulunkulu wokuthula, owakhuphula kwabafileyo umelusi omkhulu wezimvu ngegazi lesivumelwano saphakade, iNkosi yethu uJesu, makanihlomise ngakho konke okuhle, ukuze nenze intando yakhe, enza kithina lokho okuthandekayo kuye ngoJesu Khristu; makube kuye inkazimulo, kuze kube phakade naphakade. Amen.

## UPhethro Ukhuthaza Abakholwayo Ukuba Bahambe Ngobungcwele

*1 KaPhethro 1:23-25*

Senizelwe kabusha nina, hhayi ngembewu ephelayo, kodwa ngengapheliyo, ngezwi eliphilileyo nelimiyo likaNkulunkulu, ngokuba:

> "Yonke inyama injengotshani,
> nobuhle bayo bonke bunjengembali yotshani.
> Utshani buyabuna,
> nembali ivuthuluke.
> Kepha izwi leNkosi limi kuze kube phakade."

Lelo yizwi levangeli elashunyayelwa kini.

## Uthando Luyikho Konke

*1 KaJohane 4:7-12*

Bathandekayo, kumele sithandane, ngokuba uthando luvela kuNkulunkulu; bonke abanothando bazelwe nguNkulunkulu, futhi bayamazi uNkulunkulu. Ongathandiyo akamazi uNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu uluthando. Uthando lukaNkulunkulu walubonakalisa kithi ngokuthi athumele ezweni iNdodana yakhe ezelwe yodwa, ukuba siphile ngayo. Uthando

lukulokhu: akusikho ukuthi thina samthanda uNkulunkulu, kodwa Yena wasithanda thina, wathumela iNdodana yakhe ibe yinhlawulo ngezono zethu.

Bathandekayo, uma uNkulunkulu asithanda kanjalo, nathi simelwe ukuthandana. Akekho umuntu osewake wabona uNkulunkulu. Uma sithandana, uNkulunkulu uhlala kithi, nothando lwakhe luphelele kithi.

## Mayelana Nokukhuleka

*NgokukaMathewu 6:9-13*

"Ngakho-ke anokhuleka kanje:

" 'Baba wethu osezulwini,
malingcweliswe igama lakho;
mawufike umbuso wakho;
mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini;
siphe namuhla isinkwa sethu
  semihla ngemihla;
sithethelele amacala ethu,
njengalokhu nathi sibathethelela
  abanecala kithi;
ungasingenisi ekulingweni,
kodwa usikhulule kokubi;
ngokuba umbuso ungowakho,
namandla, nenkazimulo,
kuze kube phakade. Amen.' "

Ishicilelwe yasatshalaliswa yi-Bible Society of South Africa.

**www.biblesociety.co.za**

BibleSA.co.za
BibleSA
**Download our Bible apps here.**